**INKULUMO YENHLOKO YOMNYANGO WEZOKUTHUTHA KWAZULU-NATAL UMNUZ CHRIS HLABISA EMCIMBINI WOKUVULA IMIGWAQO EQHUDENI MHLAKA 16 MAY 2011.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaSithole;
Amakhosi wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Mangiqale ngokuthatha leli thuba ngixolise egameni likaNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMhlonishwa uWillies Mchunu obefisa ukuba yingxenye yalo mcimbi, kodwa ngeshwa wangakwazi ukuba nathi namhlanje ngenxa yokuxinwa ngeminye imisebenzi yesizwe nayo ebaluleke njengalona.

Egameni loMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal, ngifisa ukunibonga nonke enikwazile ukuba yingxenye yalo mcimbi obaluleke kangaka.

Njengoba silapha-ke uMacingwane uthe size simdlulisele ukubonga emphakathini walapha ngokuthi nibambisane noHulumeni wenu nivume ukuthi izinhlelo zentuthuko ziqhubeke ngaphandle kokuphazamiseka endaweni yenu.

Phela ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona.

Lo mcimbi wanamhlanje uyingxenye yochungechunge lwezinhlelo zethu zokuya emiphakathini esifundazweni sonke uMacingwane aluqale ngo-October wonyaka odlule lapho sidlulisela ngokusemthethweni ama-project asephelile bese sizibophezela nakwamanye amasha azokwakhiwa.

Kodwa lokho akusho phela ukuthi intuthuko iqale ngo-October ukwenzeka. Engani njengoba silapha nje nani ningofakazi bokuthi umsebenzi kade waqala. Namhlanje sibona imiphumela yezibophezelo ezenziwa yilo Mnyango ngesikhathi sikaNdosi esaphethe lo Mnyango.

Into esivame ukuyichaza uma sihamba lapha esifundazweni yilena yokuthi phela ngenkathi kungena loHulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni kuke kwanokwehla komfutho ekuqhutshweni kwama-*project* kulesi fundazwe ngenxa yengwadla yenzikamnotho emhlabeni. Nathi bekudingeka sakhe amasu okonga imali. Kuthe kusenjalo kwaphinda kwabambezela izinhlelo zeNdebe yoMhlaba.

Kodwa kuthe uma isimo sesibuyela kwesejwayelekile, njengoMnyango sathatha isinqumo sokuthi wonke ama-*project* emigwaqo namabhiriji alibazisekile kumele aqedwe ngokushesha adluliselwe emphakathini.

Yingakho-ke silapha namhlanje sizokuthi nakuba usaqhubeka nokwakhiwa umgwaqo omkhulu iQhudeni Road ozoxhumanisa iNquthu noMsinga, kumele siyidlulisele ngokusemthethweni kunina le migwaqo emibili uMatshana Road neNsunguza Road.

UMatshana Road ongu-7 km ubude uzokwenza lula impilo emphakathini waseMatshana bese kusizakala nabafundi baseNtabesibahle Primary neFanelesibonge High Scohool. Imali etshalwe kulo mgwaqo ingu-R6.9 million kanti kunamathuba emisebenzi angaphezulu kweshumi ekhekile kubantu bendawo.

INsunguza Road yona engu-9.1 km ubude ixhumanisa isigodi saseNsunguza neGwija kanti izosiza nabafundi baseNsunguza Primary, iGwija Primary neQhobo High School. Imali efakwe kulo mgwaqo ingu-4.5 million kanti nakhona kunamathuba emisebenzi angaphezulu kweshumi adalekile kubantu bendawo ngenkatrhi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Ngifisa ukusho futhi ukuthi ngaphandle kwalo msebenzi waseQhudeni esiwenzayo, kuvele sekunemali ebalelwa ku- R267, 4 million esiyifake ekwakheni nokugcina imigwaqo isesimweni esifundeni saseMzinyathi kulo nyaka wezimali u-2011/12, ingxenye eningi yayo eiza khona ezindaweni zasemakhaya njengalapha.

UMacingwane-ke uthe asogcizelela njengoba naye ehlale enza ukuthi njengoba ukhetho loHulumeni baseKhaya selufikile, sonke ubuholi bamaqembu epolitiki bavumelana futhi bazibophezela emgomweni wokuziphatha ngokhetho esithi i-Electoral Code of Conduct, ukukhuthaza ukubekezelelana kwezepolititki, ubumbano, ukuthula nenkululeko yokuzikhethela nokuzihlanganisa neqembu lepolitiki olithandayo ngesikhathi sokhetho nangemuva kwalo.

Egameni likaHulumeni wesifundazwe, kuyajabulisa-ke ukusho ukuthi izindawo esezihambenjeliwe okuyizona ebezihlonziwe njengezidinga ukuthi kungenelelwe kuzona, kube nokubambisana okuhle kuwo wonke amaqembu epolitiki. Sithanda ukuncoma kakhulu umoya wokusebenza ndawonye esiwubona uma sihlangene nabaholi ngokunjalo nezinhlaka ezahlukene.

UNgqongqoshe uze wathi asosho ukuthi ngendlela abona ngayo yena usenalo iqholo lokusho ukuthi wonke amaqembu epolitiki angenele ukhetho KwaZulu-Natali azibophezele ekusebenzeleni ukuthula, ukubekezelelana kwezepolitiki bese ekhuthaza ukukhankasa ngokukhululeka kulolu khetho oluzayo.

NgoMsombuluko odlule nje yena uMacingwane ubehlele umkhuleko omkhulu laphaya eGreytown lapho bekukhuthazwa kona ukuba abantu bahloniphe amalungelo abanye okuzikhethela. Kulowo mcimbi kuze kwathiwa abantu abeze befake yona imifaniswano yamaqembu abo ukuze babone ukuthi ayikho inkinga ngokuba sendaweni eyodwa nomuntu wenye inhlangano.

Nalaphake uthe asogcizelela ukuthi makangabi khona umuntu ophoqa noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho.

Mangigcine ngokuthi thina-ke umsebenzi wethu okungukuqunisekisa ukuthi imigomo kaHulumeni iyafezeka, siyanxusa nakinina nonke lapha ukuthi nisebenzise ilungelo lenu bese nivota ngendlela eyiyo ngoLwesithathu.

**Ngiyabonga**